

Ukuqonda

LAPHO INTO ENCANE IHOLELA ENTWENI ENKULU

Izimpawu Zokuqala Ezibonisa Ukuthi Ingane Inomdlavuzi



- Ingabe inemfiva ebuya iphindelela ngaphandle kwesizathu?
- Ingabe indlela ebona ngayo ivele yashintsha? (Ubumpumputhe, izinhlamvu zamehlo eziphumela ngaphandle, ukuba yinxemu okuvela manje noma ichashazi elimhlophe ehlweni.)
- Ingabe ihlala ikhathele futhi inesikhumba esiphaphathekile impela nje?
- Ingabe iyancipha emzimbeni noma isivele nje yaba nenhliziyo emnyama?
- Ingabe inemihuzuko emikhulu, ukopha noma ukuqubuka?
- Ingabe ihlale itheleleka ngamagciwane?
- Ingabe uke waphawula igulundla ekhanda, entanyeni, esifubeni, esiswini, embilaphini, ezinyaweni noma ezandleni, ezindlaleni noma emkhwapheni ayo?
- Ingabe amathambo ayo, amajoyinti, umhlane noma imilenze kuvuvukele futhi kubuhlungu?

- Ingabe ihlale iphethwe yikhanda futhi iyahlanza ekuseni? _____
- Ingabe ikhanda layo likhulu ngendlela engavamile? _____
- Ingabe iba nesicanucanu noma ihlanze ngisho nangaphandle kwesicanucanu? _____
- Ingabe ayifinyeleli amazinga okukhula ngendlela efanele noma isihlelela emuva? _____
- Ingabe indlela eziphatha ngayo ishintshile? _____
- Ingabe ibhalansi yayo noma indlela ehamba ngayo ishintshile? _____
- Ingabe ihamba ngendlela exakile noma iyakhubeka kaningi? _____
- Ingabe iye yephuka ithambo, iphulwa yinto ewubala nje? _____



Funa usizo lwezokwelapha uma kukhona noma yiziphi izimpawu ezibebeselayo, ukusheshe uxilongwe **KUSINDISA** ukuphila...



NPC 2012/103028/08

Yiba yingelosi ye-cupcake
Indlela Emnandi
YOKUSINDISA UKUPHILA

